IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UNkulunkulu Udumisa uJosefa Isisebenzi



Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus
Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Sarah S; Alastair P.
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2021 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJosefa wayeboshwe ngokungemthetho ngumphathi wakhe, uPatifari. Ejele, uJosefa wayeziphethe kahle futhi esiza. Ujele wayemuthemba uJosefa ukuba aphathe ejele.

Ngenxa yokuthi uNkulunkulu wayenoJosefa, impilo ejele yabangcono kuwo wonke umuntu owayekhona.

Induna yabaphathizitsha kanye nenduna yabaphekizinkwa babesejele. “Yinindaba nabhocobala?” uJosefa wababuza ngolunye usuku.

"Akekho ozositshengisa ukuthi amaphupho ethu acaza ukuthini," esho ngokukhathazeka amadoda.
"UNkulunkulu uyakwazi!" kusho uJosefa.
"Ngitsheleni amaphupho enu."

“Iphupho lakho lichaza ukuthi uyobuyela empathweni kaFaro,” uJosefa esho kwinduna yabaphathizitsha. “Uze ungangikhohlwa mase ubuyele esandleni sikaFaro ukuba angikhulule nami.”

Iphupho lenduna yabaphekizinkwa lalinezindaba ezimbi.

"Uzakufa ezinsukweni ezintathu," kusho uJosefa. Omabili amaphupho afezeka.

Kodwa induna yabaphathizitsha yamukhohlwa uJosefa kwaze kwaba uFaro wavuka ekhathazekile ngelinye ilanga. “Ngibe



nephupho,”
esho ngokukhulu
ukukhathazeka.

Akekho ngisho noyedwa wezihlakaniphi owayengamutshela incazelo yephupho. Induna yabaphathizitsha yakhumbula



uJosefa ejele.
Yatshela uFaro ngaye.

UFaro wathumela ukuba akulandwe uJosefa ngokushesha. “Iphupho lakho umyalezo ovela kuNkulunkulu,” uJosefa etshela inkosi.

"IGibhithe izoba neminyaka eyisikhombisa yokuchichima, bese iba neminyaka eyisikhombisa yendlala."

Lungisa manje ubeke ukudla ngesikhathi seminyaka eyisikhombisa yokuchichima, “uJosefa ebonisa uFaro,” noma abantu bakho bazobulawa indlala. “UNkulunkulu unawe, Kusho uFaro.” Uzophathalapha eGhibhithe, uzakuba induna.

Yafika iminyaka eyisikhombisa yokuchichima. Bese kwafika iminyaka eyiskhombisa yendlala. Ukudla kwakushoda yonke indawo ngaphandle kwase Ghibhithe lapho kwakongwe khona ngobuhlakani futhi ngobuningi. Ezweni elikude likaJosefa, umndeni wakhe wawulambile.

Abantu bamanye amazwe baya eGhibhithe ukuyothenga uhlambu. “Hambani nani, uJakobe eyala amadodana akhe, kumbe sizakubulawa indlala”.

Bafika eGhibhithe, amadodana alungiselela ukuthenga ukudla.



Amadodana aJokobe akhothama ngaphambi komuntu wobukhosi owayephambi kwabo ophethe eGhibithe. Babengamuboni Josefa, umfowabo.



Kodwa uJosefa wayebazi futhi ebabona. UJosefa wakhumbula iphupho lakhe esawomfanyana. UNkulunkulu wayemuphakamise ngaphezu kwabafowabo.



UJosefa wayehlakaniphile.
Wakhuluma ngokhahla
bese wabopha uSimone.



“Thathani ukudla, hambani niye ekhaya nibuye nomfowenu omncane,” esho ebayala. Khona ngizokwazi ukuthi anizona izimpimpi.

Abafowakhe bacabanga ukuthi uNkulunkulu wayebajezisa ngokudayisa omfowabo omncane ukuba abe isigqila kudala.

UJakobe namadodana akhe ayedidekile. “Imali yethu ibuye kanye nohlambu. Umphathi uthi masilethe uBhenjamini”. UJakobe wayengeke amudedele uBhenjamini. Kodwa kwaphela masinyane ukudla. Abafowakhe babuyela eGhibhithe. UBhenjamini wahamba nabo.

Kwathi uJosefa ebona uBhenjamini wayaleza izisebenzi zakhe ukuba zilungiselele idili elikhulu. Abafowakhe bamenywe. “Uyiphila ubaba wenu?” Kubuza uJosefa. Mhlampe wayechabanga indlela yokuhlanganisa omndeni wonke.

UJosefa wayefuna nokwazi ukuthi abafowakhe babezisola ngempela yini ngesono sabo abasenza emnyakeni edlule. Emva kwedili wabasolela ukuntshontsha.



"Ngizonijezisa ngokugodla uBhenjamini ukuba abe isgqila sami", kusho uJosefa.

“Nkosi yami, kungcono uthathe impilo yami,” kusho uJuda ezikhalela. UJosefa wazi lapho ukuthi uJuda, lo owathi makadayiswe, useshintshe ngempela.





Esehluleka
ukufihla
uthando
lomndeni
wakhe,
uJosefa
waxosha
wonke
amaGhibhithe
ukube
aphumele
emnyango.
Bese
wakhala.



"NginguJosefa umfowenu, lo enamudayisa eGhibhithe." Ngokuxakeka kanye nokwesaba, abafowakhe abashongo lutho.

UJosefa wagqugquza abafowakhe.
"UNkulunkulu ungenze
inkosi lapha
eGhibhithe ukuze
ngizosindisa izimpilo
zenu kulendlala.
Hambani, lethani ubaba
wami. Ngizoninakekela."

UJosefa kanye noJakobe
babendawonye futhi



eGhibhithe futhi
wonke umndeni
wakhe wahlala
khona ngokuthula
nokuchichima.

UNkulunkulu Udumisa uJosefa Isisebenzi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Genesise 39-45

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16